VEZA UVO LWAKHO

ISICHIBIYELO MTHETHOSIVIVINYWA SOMTHETHO OPHATHELENE NOBUGEBENGU (IZINQUBO ZOKUHLOLWA KOBUFAKAZI – FORENSIC PROCEDURES) [B9-2013]

IZIMEMO ZEZETHULO ZOMPHAKATHI

Ikomiti leNdlu yeSishayamthetho sikaZwelonke leZamaphoyisa limema abantu abathandayo kanye nababambe iqhaza ukuba bethule imibono ebhalwe phansi mayelana neSichibiyelo Mthethosivivinywa soMthetho Ophathelene noBugebengu(Izinqubo zokuhlolwa kobufakazi-Forensic Procedures).

UMthethosivivinywa uhlose ukuchibiyela uMthetho obizwa ngokuthi i-Criminal Procedure Act ka 1977, ukuze kuhlinzekelwe izindlela zokuthathwa kwamasampula akhethekile emizimba yabantu bezigaba ezithile ngenhloso yokuthola imiphumela ye-DNA (DNA Analysis); ukuhlinzekela ngemibandela engenza ukuthi amasampula noma imininingwane yokuhlolwa kwe-DNA etholakale emasampuleni ingagcinwa noma izikhathi engachithwa ngazo; ukuze kuphinde kuqondiswe indlela yokufakazela ubufakazi obuthile ngesitatimende esifungelwe noma ngesitifiketi; ukuchibiyela uMthetho obizwa ngokuthi South African Police Service Act ka 1995, ukusungula kanye nokuqondisa ukuphathwa nokugcinwa kwesikhungo esibizwa nge-National Forensic DNA Database of South Africa ; ukuchibiyela uMthetho obizwa ngokuthi i-Firarms Control Act ka 2003, ukuze kuphinde kuqondiswe amandla amayelana namasampula omzimba ngenhloso yokuphenya, kanye nokuchibiyela uMthetho obizwa nge-Explosives Act ka 2003 ukuze kuphinde kuqondiswe amandla amayelana namasampula omzimba ngenhloso yokuphenya; kanye nokuhlinzekela izindaba oluphathelene nakho.

Izethulo ezibhalwe phansi ezibhekiswe eKomitini leNdlu yeSishayamthetho sikaZwelonke leZamaphoyisa, zingaqondiswa kuNobhala weKomiti, uBabalwa Mbengo, futhi ziposelwe ku P. O. Box 15, Cape Town 8000, noma zithunyelwe nge imeyli ku bmbengo@parliament.gov.za noma zifekselwe ku 086 665 5444. Niyacelwa ukuba niveze intshisekelo yenu uma nenza izethulo ngomlomo eKomitini. Usuku lokuvalwa kokwemukelwa kwezethulo yihora **le-12:00 ngoLwesihlanu,** mhla zinga **31 Meyi 2013**.

Ulwazi olwengeziwe kanye namakhophi oMthethosivivinywa kungatholakala kuNobhala we Komitiongatholakalange-imeyilinomangenombolooyocingo:0214033741,nomaumakhalekhukhwini: 072 327 1993.

Ikhishwe ngu Nks. A. van Wyk, iLungu lePhalamende, Ibambela lika Sihlalo weKomiti leNdlu yeSishayamthetho sikaZwelonke leZamaphoyisa.